**ISITATIMENDE ESIHLANGANYELWE SOPHIKO LWEMALINGENISO EQOQWAYO LWASENINGIZIMU AFRIKA (USARS) NEHHOVISI LOMLAMULELI WEZENTELA (I-OTO)**

**Sikhishwe mhla zingama-26 kuMandulo 2025**

USARS ne-OTO baqaphele ngokukhathazeka udaba olushicilelwe iSowetan kamuva nje mayelana nesibalo esikhulayo samaphrofayili eSARS eFiling okubikwa ukuthi ahlaselwa yizigebengu ze-inthanethi, okuholela ekutheni abakhokhintela balahlekelwe yizimali. Ngesikhathi sokushicilelwa kodaba, i-OTO ibingakawukhiphi umbiko ohlongozwayo ukuze kuphawule umphakathi, kanti udaba lolu belunezindawo eziningi ezingelona iqiniso.

Lezi zinhlangano zombili zisungulwe emthethweni ukugcwalisa izindima ezihlukene kodwa ezinhlosonye yokuphoqelela ukuze kuhlomule abakhokhintela nohlelo lokutheliswa kwezimali ezweni.

USARS akahloniphi nje kuphela i-OTO kodwa indima yayo uyithatha njengesikhungo asebenzisana naso esisemqoka ekuqinisekiseni ukusebenza kohlelokusebenza

lwentela lunobulungiswa futhi alusoleki. Kulokhu, uSARS usebenza futhi uyaqhubeka nokusebenza kanzima ukubhekana naziphi izikhalazo ezifakwe ku-OTO. Lezi zikhungo zombili zidlala indima esemqoka ekusebenzeni kokuphathwa kwentela. Isikhungo ngasinye siyawuhlonipha umyalelo wesinye isikhungo, zibe zombili ziyisisekelo sobuqotho besikhwama sombuso ohlelwenikusebenza lwentela lwaseNingizimu Afrika. I-OTO izokhipha umbiko ohlongozwayo mhla lu-1 kuMfumfu 2025, njengoba izingxoxo nabo bonke ababambiqhaza seziphothuliwe.

USARS ne-OTO bafisa ukuqinisekisa umphakathi ukuthi ukuvikela ulwazi lwabakhokhintela nokugcina ubuqotho bohlelo lwentela kuhlala kuseqhulwini kubo.

**Amaphuzu Asemqoka:**

1. **Ukuvuma ukuthi ikhona inkinga**

   I-OTO ibiyenza uphenyo yamaphrofayili abesengcupheni isikhathi esingaphezulu konyaka, kulandela izikhalazo eziningi ezivela kubakhokhintela nezisebenzi zentela.

2. **Ukukhula Kobugebengu be-inthanethi**

   Isikhungo siqaphelile ukuthi kulesi simo sedijithali exhumanayo yanamuhla, ingcuphe yovikela ku-inthanethi inyuke kakhulu, okusongela abantu, amabhizinisi, kanye nezikhungo kakhulu. Amathransekshini abantu nawezezimali asenziwa kakhulu ku-inthanethi, abenzi bokubi basebenzisa ubuthaka, bezindlela zokuqinisekisa, izindlela zokwabelana ngemininingo, kanye nendlela yokuziphatha kwabasebenzisi ukubhebhethekisa ukuntshontshwa kwezihlonzi, ukukhwabanisa, kanye nokungena okungavumelekile ezinhlelweni zokusebenza. Ngisho izinto ezijwayele

ukwenziwa, ezifana nokungena ezinkundleni zentela noma ukulungisa imininingwana yasebhange, sekwaba yikho okusetshenziswayo okusengcupheni. Uma kukhulunywa ngokuphathwa kwentela eNingizimu Afrika, lobu bungcuphe bunzima kakhulu. USARS, njengoba kunguye obhekele ukuqoqwa kwemali nokukhokha izimali ezibuyayo, yiwo obhekwe kakhulu yilaba abanezinhloso ezimbi.

3. **Ukusebenzisana phakathi kukaSARS ne-OTO**

USARS ne-OTO banobudlelwane obuqinile nobubambisene. Zombili izikhungo ziyahambisana ngokokuphokophelwe okungukuvikela abakhokhintela nokubuyisela ithemba ohlelweni lwe-eFiling.

4. **Izindlela Zokuvikela kanye Nemizamo Eqhubekayo**

USARS uyaqhubeka nokwenza ngcono izindlela zokuvikela ukumelana nobungcuphe nokuvimbela ukungena okungagunyaziwe. Sikhuthaza abakhokhintela ukuba bahlale beqaphile ngokuvikela imininingwane yabo yokungena futhi babike ngokushesha uma kukhona abakusolayo.

5. **Umbiko Wophenyo Nokuxoxisana Nomphakathi**

Ukukhishwa kombiko ohlongozwayo we-OTO kubambezelekile ukunika uSARS ithuba lokuhlinzeka ngokuphawula kwawo okunabile ngemiphumela yesikhashana, ukuqinisekisa ukucubungula okuphelele nokunhlangothi zonke. Njengoba izingxoxo zibe khona phakathi kwezinhlangothi zombili, izingxenye zombiko ohlongozwayo zingaba nezindawo ezinomehluko, okulindelekile ekubukezweni okufana nalokhu. Le ndlela yokusebenzisana ihlose ukuqinisa izincomo zombiko nokuthi kube khona ukuthuthukiswa okwenziwayo. I-OTO izoshicilela umbiko ohlongozwayo mhla lu-1 kuMfumfu 2025.

6. **Ukuqinisekisa Ukuzinikela Kubakhokhintela**

Bobabili uSARS ne-OTO bagcizelela ukuzinikela kwabo okungaguquki ekwenzeni abakhokhintela ukuba bathobele izibophezelo zabo ngendlela ephephile nangokuzethemba. Sinxusa abakhokhintela ukuba bahlale beqaphile futhi babike nakuphi okungahambi ngendlela ngokusebenzisa imigudu esemthethweni yakwaSARS.

UKhomishana uthe “Siyakuhlonipha ukuthi umbiko wokugcina we-OTO uzotholakala maduze, kanti uSARS usazinikele ekuqhubekeni nezingxoxo nomphakathi. Umphakathi kumele uqiniseke, ukuthi uSARS usaqhubeka nokusebenza ngokuzinikela ukuqiniseka izinga eliphezulu lobuqotho nokuvikela abakhokhintela abasebenzisa inkundla yedijithali yakwaSARS”.

UMlamuleli Wentela uthe: “I-OTO ikuthatha njengento enkulu ukuntshontshwa kwamaphrofayili e-eFiling abakhokhintela. Njengesikhungo esizimele, i-OTO iqinisekisa ukuqapha nokuphathwa ngobulungiswa kwabakhokhintela. Umbiko ohlongozwayo ozayo we-OTO uveza izingxoxo ezisabalele nabo bonke ababambiqhaza kanti uhlose ukuletha izisombululo zempela nezenzekayo."

*Ikhishwe ngokuhlanganyela yilaba:*
**UPhiko Lwemalingeniso Eqoqwayo LwaseNingizimu Afrika (USARS) neHhovisi loMlamuleli Wezentela (i-OTO)**

Ngolwazi olwengeziwe sicela uxhumane ne SARSMedia@sars.gov.za kanye/noma i-media@taxombud.gov.za